

Indlu encane enomgodi eyenziwe ngcono engena umoya (i-VIP)

Indle iwela emgodini lapho okuvundayo kuvuthuluka bese okuwuketshezi kumuncwa ngumhlabathi ozungezile. Ukungena komoya njalo kwisakhiwo sangaphezulu nakwipayipi elikhipha umoya kukhipha iphunga elibi bese imimoya idlulela emkhathini. Ngokugcina kumnyama ngaphakathi, izimpukane ezingenayo zidonswa wukukhanya okuphezulu epayipini lokukhipha nokungenisa umoya bese zibanjwa yisisefo sezimpukane. Imali edingekayo: iyehluka kusukela ku-R600 kuya ku- R3 000 kuncike nokufakwa ngumndeni kanye nezinto zokwakha abazikhethayo. Ukulisebenzisa: u-R60 uma izothululwa kanye eminyakeni emihlanu.



Indlu encane enemigodi emibili eyenziwe ngcono engena umoya (i-VIDP)

Indlela yokuyisebenzisa iyefana neyendlu encane eyi-VIP. Umgodi owodwa usetshenziswa uze ufinyelele cishe kuhhafu wemitha ukuya phezulu. Izimbobo zepayipi lokukhipha indle nelomoya zibe sezivalwa ngci bese kusetshenziswa lona omunye umgodi. Okungaphakathi komgodi osugcwele kuyambiwa esikhathini esingangeminyaka emibili okungenani, lapho kungaseyona ingozi engako. Imali edingekayo: u-R2 500 kuya ku-R4 500 kuncike kokufakwa ngumndeni. Ukulisebenzisa: u-R35 kuya ku-R135 kuncike kwiqhaza likahulumeni wasekhaya, ukuzinikela komndeni ekutheni ubhekane nodoti, nendlela yokuchitha ekhethwayo.

Indlu encane evundisayo/esabalalisa umchamo

Indle iwela endaweni eyikhosomba bese izinto ezivundayo ezomile futhi ezimomayo, ezifana nomlotha wokhuni, okusatshani noma amakhasi emifino, ezifakwa njalo emva kokuyisebenzisa, ukuze indle evundayo ibe nephunga elihle kanye/noma ukuvimba umswakama nokusiza ekutheni indle ivuthuke (ukuvundisa). Umchamo ungahlukaniswa/ungasatshalaliswa ngokusetshenziswa kwezitebhisi eziyisipesheli; ungabe usuqoqwa bese usetshenziswa njengento yokuvundisa. Kwizinhlelo ezomisa indle, izintuba zomoya zigqugquzela ukuhwamuka komswakama. Imali edingekayo (iyehluka kuye nohlelo kanye nokufakwa ngumndeni): u-R3 000 kuya ku-R4 000 kwizinhlelo zokuthengisa. Ukuyisebenzisa: u-R35 kuya ku-R500 kuncike ekuzimbandakanyeni kukahulumeni wasekhaya kanye nokuzimisela komndeni ukubhekana nodoti, kanye nezindlela zokuchitha.





Indlu encane emukisa ngamanzi atheliwe

Emva kokuzikhulula isitsha sidinga ukuthi kumukiswe ngamalitha ambalwa amanzi, lawo manzi asethangini elivimba iphunga elibi, izimpukane nomiyane. Imali edingekayo: u-R2 000 kuya ku-R3 500 kanti inganda lapho umhlabathi ungavumelani nokumukisa. Ukuyisebenzisa: u-R150 kuya ku-R300 ngonyaka lapho kumuka nomhlabathi ongaphansi.



I-aqua-privy nohlelo oluhamba ngamanzi

I-aqua-privy idinga ukuthi kongezwe amanzi ukuze isiphetho sombhobho sihlale sisemanzini. Ukuqokelelwa kokungcola kuyehluka kusuka kwisitsha esivaliwe kuya kuhlelo lokuqoqa okuqinile kanye nokumukisa indle. Imali edingekayo: u-R2 000 kuya ku- R3 500 enganyuka lapho isimo somhlabathi singakuvumeli ukumukisa. Ukuyisebenzisa: u-R150 kuya ku-R300 ngonyaka lapho umhlabathi ongaphansi umukisa

Enethange elivundisayo limukise noma isitamukoko esincane esingenako okuqinile

Ukungcola okuvela endlini encane kanye namanzi angcolile avela endlini, kumukiswa kuye ekhosombeni lapho kugcinwa khona okungenani amahora ngu- 24 ukuze kuzinze kumonywe nawumhlabathi ngokwemvelo. Amanzi alungisiwe kancane ayadlula ethangini angene ohlelweni lokumukisa olusemhlabathini ongaphansi. Ubikibiki lukadoti olulokhu lungena ethangini lugcina ludinga ukukhishwa ngenqola. Imali edingekayo u-R7 000 kuya ku-R8 500. Ukuyisebenzisa: u-R200 kuya ku-R450 kuye nokuthi ichithwa kangaki.

Maqondana nethangi elivundisayo nelimukisayo ngaphandle kokuthi amanzi ahanjiswa wuhlelo lwamapayipi amancane aye lapho ehlanzwa khona esemaningi (okungaba indawo engaphandle lapho efinyelela khona ngesitamukoko esivele sikhona noma ngethangi). Ithangi elivundisayo kanye nezinto zokumukisa zinikezelwa kuphela uma uhlelo lwethangi elimukisayo seluvele lukhona, ngaphandle kwalokho imali edingekayo iba ngaphezulu.



Ithangi eligcinayo

Indle imukiswa iye ethangini lapho ingenakusabalala endaweni ezungezile ngaphambi kokuthi izolandwa yinqola ukuze iyolungiswa. Amanani ancika kubukhulu bethangi nokuthi lithululwa kangaki.



Isitamukoko esingaziki

Ukungcola okuvela endlini encane kanye namanzi angcolile avela ekhaya, kumukiswa ngamanzi amancane kakhulu uma uqhathanisa nezitamukoko ezijwayelekile, kuye esitamukokweni esingaphakathi bese emva kwalokho kudlulela endaweni ebekelwe ukulungisa amanzi noma kwizitamukoko ezisemgaqweni bese kuya endaweni yokulungisa indle enkulu. Imali edingekayo u-R2 500 kuya ku-R3 000 – wonga kuze kufike ku-50% uma uqhathanisa nemali yezitamukoko ezijwayelekile. Ukuyisebenzisa: u-R300 kuya ku-R450 kuncike kokufakwa ngumndeni.



Isitamukoko esishaywayo ngokuphelele

Ukungcola okuvela endlini encane kanye namanzi angcolile avela endlini amukiswa ngamanzi amaningi, ahambe ngamapayipi aye endaweni lapho elungiswa khona, okuyizinhlobo eziningi futhi lapho okugobhozayo kulungiswa ngendlela ephakeme kakhulu ukuze kudluliselwe olwandle. Imali edingekayo: u-R6 000 kuya ku-R7 000 uma usufaka nezindleko zokuthwala kakhulu kanye namapayipi athuthayo. Ukuyisebenzisa: u-R400 kuya ku-R800 ngonyaka.



Izinhlobo ekungaphakanyiswa ukuthi zisetshenziswe

Indlu encane enomgodi nje kuphela

Indlu encane esebenza ngamakhemikhali

Indlu encane esebenzisa ibhakede

Izindlu ezincane ezisetshenziswa nguwonkewonke

Kungani kungaphakanyiswa ukusetshenziswa kwalezi zinhlobo?

Azihlanzekile

Azanele ukusetshenziswa ekhaya

Ziyabiza

Zisetshenziswa okwesikhashana